Isifundo 10

**27 Nhlolanja – 5 Ndasa*

Ukwenza Okungacabangeki

NgeSabatha Ntambama

Kuleliviki Funda ku:
Isaya 50:4-10, Isaya 52:13-53-12, Isaya 53:3-9, Isaya 53:10-12.

Indimana Yekhanda:
"Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, yachotshozwa ngobubi bethu; isijeziso sasiphezu kwayo ukuba sibe nokuthula, nangemivimbo yayo siphilisiwe thina" *(Isaya 53:5, NKJV)*.

ULough Fook, umKrestu waseChina, wathintwa isihe ngalabo bantu bakubo ababenziwe izigqila ezimayini zase Afrika. Wayefuna ukubanika ithemba levangeli, kodwa wayezofinyelela kanjani kubona? Isisombululo sakhe kwaba ukuthi azithengise yena qobo isikhathi seminyaka emihlanu. Wayiswa eDemerara, lapho wasebenza khona ezimayini, watshela asebenza nabo ngoJesu. ULough food washona, kodwa abantu abangu 200 bakhululwa ekungabini nethemba ngokuthi bamukele uJesu njengoMsindisi wabo.

Ukuzidela okumangalisa kangako ngenxa yabanye abantu! Isibonelo esihle ngempela! Ngokwenza okungacabangeki, okusho "ukuthatha ubugqila" (Filipi 2:7), uJesu naye wafinyelela kulabo ababengafinyeleleki—wena nami, nomhlaba wonke ocwile esonweni. Kuleliviki sizobona lesehlakalo esingakholakali siprofethwa amakhulu eminyaka ngaphambi kokwenzeka.

**Funda isifundo saleliviki ukulungisela iSabatha likaNdasa 6.*

Iqiniso Lika-Isaya Elivivinyayo (Isaya 50:4-10)

Uma uIsaya wayehlose ukudlulisa ulwazi-nje kuphela, wayezokwendlala yonke imininingwane mayelana noMesiya zisuka phansi-nje. Kodwa ukuze afundise, anxenxe, futhi anike abafundi bencwadi yakhe ukunqwamana neNceku kaNkulunkulu, ubhala ngendlela ejulile ephindaphindayo sengathi umculo omnandi. Uqaqa isigijimi sikaNkulunkulu isinyathelo esisodwa ngesikhathi, ukuze umkhakha ngamunye uzwakale ngokuhambisana naso sonke isithombe. UIsaya ungumdwebi. Lapho edweba khona umphefumulo walowo olalele.

Funda kuIsaya 50:4-10. Isho ngokufingqiwe ukuthi zithini lezindimana. Umbona kanjani uJesu kulezindimana?

Sithole kuIsaya 49:7 ukuthi inceku kaNkulunkulu iyedelelwa, inengekile, futhi "iyisigqila sababusi" (NRSV) kodwa "amakhosi azobona, asukume, namakhosana, azoyikhothamela" (NRSV). Lapha kuIsaya 50, sifunda ukuthi umsebenzi mkhudlwana kulomfundi omnene onamazwi ahlumelelisayo kwabayethileyo (Isaya 50:4). Indlela eholela ebumsulweni idlula ekuhlukunyezweni (Isaya 50:6). Lokhu kuhlukunyezwa kuzwakala kabi kulabo besimanje abadabuka kwelaseNtshonalanga. Kodwa ngokwesiko laseMpumalanga eseduze, ukuhlonipheka kwakuyinto yokuphila nokufa emntwini noma isigungu sakhe.

Inkosi uDavide wahlasela waze wanqoba izwe lakwa-Amoni (2 Samuweli 10:1-12) ngoba inkosi yakhona yayibambe izithunywa zikaDavide yaphucula ingxenye yamakhanda azo, ngokunjalo nezintshebe ingxenye, yasika izingubo zazo ezinqeni, yase iyazidedela zahamba (2 Samuweli 10:4). Kodwa kuIsaya 50 abantu bashaya inceku, badonsa izinwele kabuhlungu entshebeni yaso, bayifele ngamathe. Okwenza lezenzo kube ezezizwe zonke nokuthinta eminye imihlaba emkhathini, ukuthi isisulu yinxusa leNkosi yamakhosi. Empeleni ngokuqhathanisa uIsaya 9:6, 7 no Isaya 11:1-16 nezinye izindimana ezikhuluma ngenceku, sithola ukuthi inceku iNkosi, umkhululi onamandla! Kodwa enawo wonke lamandla nodumo, ngesizathu esithile esingacabangeki, akayikholwa lento. Esiphambanweni sikaJesu, abaholi bambinqa bethi: "Wasindisa abanye, akazisindise Yena manje uma enguMesiya kaNkulunkulu, okhethiweyo waKhe" (Luka 23:35, NRSV); Akehle esiphambanweni manje, khona sizokholwa nguYe" (Mathewu 27:42, NRSV).

Funda kuIsaya 50:4-10. Bhala phansi izimiso zenkolo ezifanekiswe lapha okufanele zisetshenziswe kwezethu izimpilo. Zibuke wena ngokuqhanisa nohla olubhalile. Kuphi lapho wenze khona kangcono? Uma kukujabhisa, qhubeka-ke ufunde iviki lonke.

Inkondlo Ngenceku Eyahluphekayo
(Isaya 52:13-53:12)

UIsaya 52:13-53:12, owaziwa ngokuthi "Inkondlo Ngenceku Eyahlupheka," uqinisa udumo lukaIsaya njengo "mprofethi wevangeli." Ngokuhambisana nobuhle bevangeli, lenkondlo icokeme ukwedlula ezinye izincwadi. Nakuba imfishane, umusho ngamunye usho lukhulu, nokubonakalisa umfutho kaNkulunkulu ongacabangeki wokusindisa isizwe esishone esonweni. Akusilo "ubisi" lwezwi likaIsaya lolu. Ulungiselele abafundi bencwadi yakhe ngokuqhakambisa izingongoma ezingoMesiya kusukela ekuqaleni kwencwadi yakhe. Ngokulandela yonke impilo kaMesiya emhlabeni, umprofethi waqala ngokukhulelwa nokuzalwa kukaJesu (Isaya 7:14), wethula ukuthi ungubani ngokuthi uyinkosi eNgcwele yozalo lukaDavide (Isaya 9:6, 7), wenaba ngomsebenzi wakhe wokubuyiselwa kukaIsrayeli (Isaya 11:1-16) nomsebenzi onesizotha wokukhulula ngaphansi kokuhlupheka nokungalungi (Isaya 42:1-7). UIsaya wayeseveza ukuthi izehlakalo zikaMesiya zibandakanya nosizi kungakafiki ukuphakanyiswa (Isaya 49:1-12, Isaya 50:6-10). Manje iNkondlo ngeNceku Ehluphekayo ilandela ukujula kosizi.

Buyela emuva kulezo zigaba ezisohlwini esigabeni esingenhla. Bukeza ukuthi zisitshelani ngoMesiya, uJesu. Zisisiza kanjani ukuthi silungisele lokho okuzayo kuIsaya 52 no 53? Noma mhlawumbe zenza lokho okwenzeka kuIsaya 52 no 53 kube nohlonze?

UIsaya 52:13-53:1 ungenisa inkondlo ngesishayelelo esinokuphikisanayo okukhulu: iNceku izokuba nempumelelo, iphakanyiswe, kodwa ukubukeka kwayo kuyokonakaliswa kangoba ngeke bayazi. Ubani ongakholwa yilokhu? UIsaya 53:2, 3 uqala ukwehla okubuhlungu kweNceku kusuka endaweni yayo yokuqala nendlela eyayibukeka ngayo, kuze kulesimo sosizi nokwaliwa kwayo. UIsaya 53:4-6 uyama kancane, achaze ukuthi ukuhlupheka kwayo empeleni isijeziso sethu, esithwalayo ukuze sithole ukwelashwa. UIsaya 53:7-9 uqhubeka nokwehlela kweNceku engenacala engcwabeni. KuIsaya 53:10-12 iNceku ikhuphukela kulowo mvuzo ophakeme obonakele ekuqaleni kwenkondlo kusukela kuIsaya 52:13, kwabuye kwenezelwa ngokuthi umhlatshelo wayo wokusindisa abanye, uyintando kaNkulunkulu. Qhathanisa lenkondlo nesimo "sasesigodini" kwabaseFilipi 2:5-11, lapho uJesu eqala ngesimo sikaNkulunkulu kodwa ehlele phansi ngokuzithulula, athathe ubugqila besimo somuntu, ezithoba kwaze kwaba sekufeni, futhi okuyikona kufa okuphansi kakhulu: ukufa kwesiphambano. Ngakhoke, uNkulunkulu wamphakamisela phezulu ukuze wonke umuntu amvume njengeNkosi (qhathanisa noIsaya 49:71).

Funda kuIsaya 52:13-53:12. Bhala konke inkondlo ethi sakwenzelwa nguJesu. Gxila ekuthini lezo zenzo zisho ukuthini kithina.

Ubani Owakholwa? (Isaya 52:13-53:12)

KuIsaya 52:13 iNceku kaNkulunkulu iphakanyiselwe phezulu, kodwa ngaphandle kwesixwayiso, indimana elandelayo ichaza ukubuka kwaYo ngokuthi kubi ngendlela yokuthi ayibonakali njengenye "yamadodana abantu." ITestamente eliSha lichaza izimbangela zokonakala kobuso bukaJesu, okuhlanganisa nokushaywa kwaKhe, umqhele wameva, ukubethelwa, kodwa ngaphezu kwazo zonke, ukuthwala izono zabantu. Kwakungazange kuhloswe ukuthi isono sibe imvelo yabantu; ukusithwala kwenza i"Ndodana yoMuntu" ibonakale ingesiye umuntu. Qhathanisa lokhu nendaba kaJobe, owavele wathi gubhubhu, wawa, esuka endaweni yokuba isicebi, enodumo, negunya, waphenduka isihlupheki esihlezi emlotheni, siphala izilonda ngodengezi(Jobe 1, 2). Umehluko wawumkhulu kangangoba nabangani bakaJobe abamazanga ekuqaleni (Jobe 2:12). Nanku umbuzo: Kungani ehlupheka uJobe? Kungani uMesiya kaNkulunkulu kudingeke ahlupheke? Bobabili abakufanele ukuhlupheka. Bobabili bamsulwa. Pho-ke, kungani behlupheka?

Funda izindimana zanamhlanje bese ubhala phansi konke okuyingqikithi lapho olungileyo ehluphekela onecala. Yimuphi umlayezo esiwuthola lapho?

_____

_____

_____

_____

Bheka imibuzo ekuIsaya 53:1. Lemibuzo igcizelela inkinga yokukholwa yolokho okungakholakali (qhathanisa noJohane 12:37-41) futhi iyasixwayisa ukuba siyihlalele phansi yonke lendaba. Kodwa imibuzo iphinde yenze ubizo. Ngalendlela-ke, ukufana phakathi kwalemibuzo emibili isho ukuthi ingalo kaNkulunkulu noma amandla osindiso (qhathanisa noIsaya 52:10) iyabonakaliswa kwabawukholwayo umbiko. Uyafuna yini ukuzwa amandla kaNkulunkulu asindisayo? Uma ufuna, kholwa umbiko.

Bheka ngokucophelela uIsaya 53:6. Uthini umlayezo oqonde-ngqo, lapho? Ithini kuwena leyo ndimana, okufanele kukunike ithemba yize noma unezono nokusilela?

Abangafinyeleleki, Yithina Labo (Isaya 53:3-9)

Njengesitshalo esibuthakathaka, esibukeka singenantengo, sedelelekile (isaya 53:2, 3)—leso isithombe esisinikwayo lapha seNceku Ehluphekayo. UIsaya usheshisile wasihambisa ebusheni obumsulwa, wasiyisa onqenqemeni lwewa. Nakuba sinolwazi esiluthole ngaphambili, asikulungele njengoba sizimisele ukwamukela okuyokwenzeka encekwini. Ngokuphikisanayo, uIsaya usifundise ukuthi sithande umntwana esizozalelwa yena, iNkosi yokuthula. Abanye bayamdelela, kodwa siyazi ukuthi ungubani ngempela. Njengoba wake washo omunye: "Sisibonile isitha, kanti leso sitha ithina." yithi." iNceku akuqali ngayo ukwedelelwa, ukwaliwa, noma ukuba umuntu wezinhlupheko. Inkosi uDavide kwamehlela konke lokhu ngesikhathi ebalekela indodana yakhe uAbisalomu (2 Samuweli 15:30). Kodwa ukuhlupheka okwathwalwa yileNceku akusikho okwayo futhi akusiwo umphumela wesono sayo. Futhi akakuthwaleli omunye umuntu; "uNkulunkulu ubeke phezu kwakhe ububi bethu sonke" (Isaya 53:6, NRSV).

Impendulo embuzweni othi "Kungani?"yiqiniso elivivinyayo likaIsaya: Ngenxa yothando lukaNkulunkulu, uMesiya wakhetha ukuhlupheka. Kodwa kungani? UIsaya ushayela "isipikili segolide" ukuqedela iqiniso lalokho okungacabangeki: Wakhetha ukuhlupheka ukuze afinyelele kulabo abangafinyeleleki, kanti labo ithina! Labo abangaqondi, bathatha ngokuthi iNceku "yashaywa nguNkulunkulu" (Isaya 53:4, NRSV). Nanjengoba abangani bakaJobe babecabanga ukuthi isono sakhe esambangela ukuhlupheka, nanjengoba abafundi bakaJesu bambuza bethi: "ngubani owonayo, lona noma abazali bakhe, aze azalwe eyimpumputhe na?" (Johane 9:2), labo ababona uJesu esiphambanweni bathatha ngokuthi wenze okukhulu okubi. Akashongo yini uMose ukuthi "uqalekisiwe olenga emthini" (Duter. 21:23; qhathanisa noNumeri 25:4)?

Nokho, konke lokhu kwakuyintando kaNkulunkulu (Isaya 53:10). Ngoba yini na? Ngoba "uKrestu wasihlenga esiqalekisweni somthetho, ebenziwe isiqalekiso ngenxa yethu " (Gal. 3:13). Ngoba ongasazanga isono wamenza isono ngenxa yethu, ukuze kuyena senziwe sibe ngukulunga kukaNkulunkulu" (2 Korinte 5:21). "Yeka leyo ntengo engako esakhokhelwa yona! Buka isiphambano nalowo ophakanyiswe kusona. Buka lezo zandla, ezabhotshozwa ngezipikili zesihluku. Buka lezo zinyawo, ezaboshelwa ngezintambo emthini. UKrestu wathwala izono zethu emzimbeni waKhe. Lolo sizi luyintengo yokusindiswa kwakho."—Ellen G. White, *God's Amazing Grace,* p. 172.

Isisindo, icala, isijeziso ngezono zomhlaba wonke—sonke isono, sawo wonke umuntu—kwawela phezu kukaKrestu esiphambanweni, kanyekanye, okwaba iyona kuphela indlela yokusisindisa! Lokhu kusitshelani ngobubi besono, ukuthi kwaze kwakhokhwa intengo engaka ukuze sisindiswe kuso? Kusitshelani ngothando lukaNkulunkulu olwamenza wenza lokhu ngenxa yethu, ngentengo ephakeme kangaka?

Umnikelo Wokubuyisela Oguqula Izinto
(Isaya 53:10-12)

Kusho ukuthini ukuthi impilo yeNceku "umnikelo wesono" (Isaya 53:10, NRSV)?

Igama lesiHeberu lisho "icala/umnikelo wokubuyisela" (Levi. 5:14-6:7, Lev. 7:1-7), ongacima izono zangamabomu kwabanye abantu (Lev. 6:2, 3). Izono ezinjalo zahlonzwa nguIsaya (Isaya 1-3; Isaya 10:1, 2, Isaya 58). Futhi, isoni sasidinga ukubuyisela kulowo owoniwe lokho okwebiwe, kube khona nenhlawulo, ngaphambi kokunikela ukuze uthethelelwe nguNkulunkulu (Levi. 6:4-7); qhathanisa noMathewu 5:23, 24). Uma umuntu esebenzise ngephutha okukaNkulunkulu, inhlawulo yayiya kuNkulunkulu (Levi. 5:16). Manje-ke singamuzwa kangcono uIsaya 40:2, lapho uNkulunkulu eduduza abantu baKhe abadingisiwe ngokubatshela ukuthi sebekhokhe ngokwanele ukushwelezela izono zabo. Kodwa ngemuva kokubuyisela obekuthathiwe, kudingeka umhlatshelo. Nanku kuIsaya 53: iNceku kaNkulunkulu, esikhundleni senqama, yaholwa njengemvu eyohlatshwa (Isaya 53:6). Nakuba "yahlwithwa ezweni labaphilayo" (Isaya 53:8, NRSV; qhathanisa noDaniyeli 9:26), yaqedwa ngumhlatshelo obasela ilangabi lethemba lethu, iNceku ibuya ekufeni, izwe lapho kungabuywa khona, izokwamukela ukuhlonishwa, ibone "inzalo yayo" yandise nezinsuku zayo (Isaya 53:10-12).

Bheka lezindimana ezilandelayo, ngayinye. Ziwuzwakalisa kanjani umlayezo ofanayo zonke ngayinye, njengoIsaya 53?

Hubo 32:1, 2 _____

Rom. 5:8 _____

Gal. 2:16 _____

Filipi 3:9 _____

Heb. 2:9 _____

1 Petru 2:24 _____

Ukuba umuntu ubengakucela ukuthi ugoqe ngesiqeshana (paragraph) esisodwa izindaba ezinhle zikaIsaya 52:13-53:12, ungabhalani?

Ukujula Nesifundo:

"UKrestu wathwala izono zethu emzimbeni waKhe emthini....Kanti siyini isono uma kungekho muntu wenyama ongasishelezela? Siyini isiqalekiso saso uma kunguNkulunkulu Yedwa ongasiphelisa? Isiphambano sikaKrestu sifakaza kubo bonke ukuthi inhlawulo yesono ukufa....Maye! Kukhona yini amandla athile abambe izingqondo zabantu sengathi kungomlingo, ezenza lukhuni ukuze zingamuzwa uMoya kaNkulunkulu?"—Ellen G. White, *Our High Calling,* p. 44. "Umthetho wombuso kaNkulunkulu wagqanyiswa ngokufa kweNdodana kaNkulunkulu ezelwe yodwa. UKrestu wathwala icala lezono zomhlaba. Ukufaneleka kwethu kutholakala kuphela ekuzalweni nasekufeni kweNdodana kaNkulunkulu. Yahlupheka ngoba yayiqiniswe uNkulunkulu. Yayinokukuthwala, ngoba yayingenalo nelilodwa ichashaza lokungalaleli noma lesono. UKrestu wanqoba ethatha indawo yomuntu ngokuthwala isijeziso somthetho. Watholela abantu ukuphila kwaphakade, ngasikhathi sinye, ephakamisa umthetho, ewenza uhlonipheke."—Ellen G. White, *Selected Messages,* book 1, p. 302.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. UIsaya 53:7-9 wehlela ekujuleni komgodi: ukufa nokungcwatshwa kweNceku. Mingaki imikhakha yalezindimana eyagcwaliseka ekugcineni kwempilo kaJesu? Math. 26:57-27:60, Marko 14:53-15:46, Luka 22:54-23:53, Johane 18:12-19:42.

2. Buka lesicaphuno sokugcina sika Ellen G. White esimayelana nokufa kukaKrestu okugqamisa umthetho. Usho ukuthini ngalokho? Sikuqonda kanjani ukufa kwaKhe njengobufakazi bokuthi umthetho usekona?

Ngokufingqiwe: UIsaya esekhulumile ngokuzalwa, ubuyena, nomsebenzi woMkhululi kaNkulunkulu, ekugcineni wembula inhlekelele enkulukazi, esinika ithemba: Ukufuna, isindise, iphulukise abadukileyo, okuhlanganisa nathi, iNceku kaNkulunkulu yavuma ukuthwala ukuhlupheka kwethu nesijeziso sethu.